myHealth

THEBEMED
MEDICAL AID SCHEME

# INGABE UPHILA NESANDULELAGCULAZA (HIV) / NENGCULAZA (AIDS)?

## NGABE UKHONA OMAZIYO OPHILA NAKHO?

Laba bantu bangazizwa benomzwangedwa futhi bethukile. Abakundingayo ukwamukelwa, uthando nokwesekwa ukuze baphile impilo enhle, enenjabulo nende.

## INGABE UBUWAZI...

Ungakwazi ukwabelana ngakho konke lokhu nomuntu ophila NESANDULE-LANGCULAZA ngokuphephile?

- Ukudla okwenziwe ngumuntu ophila NESANDULE-LANGCULAZA
- Izimaki, izinkomi-shi, amapuleti, izipuni, izimfologo nemimese
- Itafula, ibhentshi, nendawo yokusebenza
- Izinyembezi namathe
- Ukubambana, ukubambana izandla, ukuxhawulana
- Isihlalo sendlu yangasese
- Ukubhukuda, ukugeza

## UKHATHAZEKILE NGOKUTHI UNGA-THELELWA NGUMUNTU ONESAN-DULEGCULAZA?

Imithi yokwelapha evikelayo ikhona!

Ungatheleleka ngokuhlangana kwegazi, noma nesidoda, uketshezi esithweni sangasese sowesifazane nalokho okusamafinyila okuphuma emdidi ngesikhathi kwenziwa ucansi olungavikelekile.

**Yenza ngokushesha**, thinta udokotela wakho **ngakusasa**, kodwa kungakedluli izinsuku ezi-3 emva kokuhlangabezana nalesi sehlo, ukuze **uvikele ekuthelelekeni.** Udokotela wakho uzokuhlola igazi ukubheka ukuthi ngabe unalo igciwane LESANDULELANGCULA-ZA. Uma ungenalo igciwane uyoyalelwa ukuthi udle imithi yokuvikela igciwane ama-ARV isikhathi esingange nyanga eyo-I kuphela. Lemithi ibizwa ngokuthi i-Post Exposure Prophylaxis (PEP).





Uma udinga olunye ulwazi noma usizo lokubhekana nesimo sakho, shayela Umeluleki kwa-Phela Wellness kule nombolo **0800229355.**

## Uma uphila negciwane LESANDULELANGCULAZA kubalulekile ukuba ulandele ZONKE izimfanelo eziphathelene nezokwelashwa!

- Landela uhlelo lokwelashwa kwakho
- Ungaphuthelwa isikhathi sokubonana nodokotela wakho
- Phuza yonke imithi oyalelwe yona, ungaphuthelwa ngisho nayisilinganiso esisodwa
- Phuza imithi nokudla kanye namanzi
- Xhumana nodokotela wakho ngokushesha uma uke wenza iphutha lokweqiwa ukuphuza imithi yakho

Khuluma noMeluleki kwa-Phela Welness uma udinga olunye ulwazi

POWERED BY momentum wellness

ONLY 4 DAYS! FROM CLAIM TO PAYMENT

ONSITE FACE TO FACE SUPPORT OF MEMBER SERVICE CONSULTANTS

FREE R55 AIRTIME!

How Can We Help You? Call 0800 2 B WELL / 0800 22 9355

THEBEMED MEDICAL AID SCHEME